Isifundo 8

** 15–21 Nhlolanja*

Kusuka Olwandle Olugubhayo Kuye Emafwini Ezulu

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Daniyeli 7, 2 Thesalonika 2:1-12, Roma 8:1, Marku 13:26, Luka 9:26, Luka 12:8, 1 Thimothewu 2:5.

Indimana Yekhanda:
"Umbuso nokubusa bobukhulu bemibuso phansi kwalo lonke izulu kuyakunikwa isizwe sabangcwele boPhezukonke; umbuso waKhe ungumbuso ongunaphakade, yonke imibuso iyakumkhonza, imlalele" (Daniyeli 7:27).

Umbono kaDaniyeli 7, okuyisihloko sethu kuleli viki, ufana nephupho elikuDaniyeli 2. Kodwa uDaniyeli uyenaba kulokho okwakwembulwe kuDaniyeli 2. Okokuqala, umbono wenzeka ebusuku futhi utshengisa ulwandle luvunguzwa imimoya emine. Ubumnyama namanzi busikhumbuza ngokudalwa, kodwa lapha indalo ibonakala imapeketwana noma ihlaselwa. Okwesibili, izilwane kulombono azihlanzekile futhi zixubile, okuyinto emele okuphikisana nohlelo lwendalo. Okwesithathu, izilwane zibonakaliswa zinamandla okubusa; kubonakala ukuthi ukubusa uNkulunkulu ayekunike u-Adamu ensimini sebuqhwagwe yilababusi. Okwesine, ngokufika kweNdodana yoMuntu, umbuso kaNkulunkulu uyabuyiselwa kulabo okungowabo ngokufaneleyo. Lokho okwalahlekela u-Adamu ensimi, iNdodana yoMuntu iyakubuyisa ngokwahlulela kwasezulwini.

Lencazelo engenhla isinika isithombe esibanzi ngemifanekiso yeBhayibheli esetshenziswe kulombono onemifuziselo eminingi. Ngenhlanhla, eminye imininingwane ebalulekile yalombono ichaziwe yingelosi, ukuze siqonde ingqikithi yalesiprofetho esimangalisayo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika 22 Nhlolanja.*

Izilwane Ezine

Funda kuDaniyeli 7. Yini ingqikithi yalokho okwatshengiswa uDaniyeli, futhi umayelana nani lombono?

Isilwane ngasinye esatshengiswa uDaniyeli siqondene nenxenye ethile yesithombe esaboniswa uNebukadinesari, kodwa manje kunikezwa imininingwane enezelwe ngombuso ngamunye. Kubalulekile ukuthi izilwane ezimele izizwe ezingakholwa, zonke azihlanzekile. Futhi, ngaphandle kwesilo sesine, uDaniyeli uchaza lezilwane njengezifana nezilwane ezaziwayo. Ngakhoke, lezilwane akusiyo-nje imifuziselo esuka ekhanda, njengoba yileso naleso sinezimpawu ezithile ezikhomba kumkhakha othile wombuso esiwumele.

Ibhubesi: Ibhubesi lifaneleke kakhulu ukumela iBhabhiloni. Amabhubhesi anamaphiko ayedwetshwe emihlobisweni yezindonga nakweminye imidwebo yaseBhabhiloni. Ibhubesi elivezwe embonweni lagcina ngokunqunywa amaphiko alo, lenziwa ukuba lime liqonde njengomuntu, laphiwa inhliziyo yomuntu. Lokhu kufanekisa izinga lokwehla embusweni waseBhabhiloni ngesikhathi kubusa amakhosi akhona ayelandela.
Ibhere: Ibhere limele umbuso waseMedo-Pheresiya. Ukuthi liphakeme nganxanye kutshengisa amandla amaPheresiya ngaphezu kwawamaMede. Izimbambo ezintathu phakathi kwamazinyo aso zimele ukunqoba okuthathu okugqamile kwamaMedo-Pheresiya phezu kwe: Lidiya, iBhabhiloni, neGibhithe.
Ingwe: Ingwe esheshayo imele umbuso wamaGreki owasekwa ngu Alexander the Great. Amaphiko amane enza lesilo sedlulele ngokushesha, isifanekiso esihle sika Alexander, owathi ngeminyaka embalwa-nje wanqoba wonke umhlaba owawaziwa ngaleso sikhathi.
Isilo esesabekayo nesinamandla: Njengoba imibuso engenhla yayimele izilwane ezithile kuphela, lo, umbuso ngokwawo. Okusho ukuthi, eyokuqala kuthiwa "yayinjenge" bhubesi noma "njenge" bhere, kodwa lona awufaniswa nalutho. Lesilo esinezimpondo eziningi futhi sibonakala sinolaka kakhulu kunalezo ezingaphambili. Ngaleyo ndlela, singumfuziselo ofanelekile weRoma elalingakholwa, elanqoba, labusa, lagxoba ngezinyawo zensimbi.

Zonke lezinkulungwane zeminyaka yomlando wabantu seyafika, yadlula, njengoba kwakuprofethiwe. Ungathola ukududuzeka okungakanani ngokwazi ukuthi phezu kwakho konke ukuxokozela, udweshu, nesiphithiphithi ngesinye isikhathi, uNkulunkulu usabusa? Lokho kusifundisani ngokwethembeka kweMibhalo?

Uphondo Oluncane

Funda kuDaniyeli 7:7, 8, 19-25. Yimuphi lombuso oluphondo oluncane oqhamuka futhi uhlale uyinxenye yesilo sesine na?

Izolo sifunde ukuthi isilwane esesabekayo esinezimpondo eziyishumi nesibusa umhlaba ngesihluku esikhulu, simele iRoma eyayingakholwa. Manje sidinga ukubuka uphondo oluncane nombuso oluwumele. Njengoba kwavezwa embonweni, isilo sesine sinezimpondo eziyishumi, ezintathu kuzo zasiphulwa, ukuvula indlela yophondo oluncane. Loluphondo lunamehlo omuntu futhi lukhuluma "amazwi amakhulu" (Dan. 7:8). Kusobala ukuthi loluphondo oluncane luvela embusweni omelwe yisilo esesabekayo, okuyiRoma elingakholwa. Ngenye indlela, loluphondo luqhubeka nezimpawu ezithile zeRoma elingakholwa. Lungumkhakha wakamuva wawo lowo mbuso.

UDaniyeli ubona loluphondo olunye lulwa nabangcwele. Ingelosi iyamchazela ukuthi loluphondo inkosi eyokwenza izenzo ezintathu eziphambene nomthetho: (1) ukukhuluma amazwi okuhlambalaza oPhezukonke, (2) ukuhlupha abangcwele boPhezukonke, (3) ukuhlosa ukuguqula izikhathi nomthetho. Okulandelayo ukuthi abangcwele bayonikelwa esandleni salo. Ingelosi seyinikeza isikhathi uphondo oluncane oluyokwenza lokhu ngaso: isikhathi nezikhathi nenxenye yesikhathi. Ngolimi lwesiprofetho olusetshenziswa lapha, igama elithi 'isikhathi' lisho 'Umnyaka' ngakhoke 'izikhathi' zisho iminyaka, unyaka ophindwe kabili: "iminyaka emibili." Kanjalo-ke lesi isikhathi seminyaka yesiprofetho emithathu nenxenye, okuthi uma ichazwa ngomthetho wokuthi usuku lumele umnyaka, kusho iminyaka engu 1 260. Ngalesikhathi uphondo oluncane luzohlasela uNkulunkulu, luhluphe abangcwele, luzame ukuguqula umthetho kaNkulunkulu

Funda ku 2 Thesalonika 2:1-12. Yikuphi okufanayo phakathi komuntu ongenamthetho nophondo oluncane? Sicabanga ukuthi kukhulunywa ngamuphi umbuso lapha, ngani na? Yimuphi okuyiwona mbuso kuphela owavela eRoma elalingakholwa, kodwa wahlala uyinxenye yeRoma, umbuso osukela esikhathini seRoma elingakholwa kuyoze kube sekupheleni komhlaba, okusho ukuthi usekhona nanamhlanje?

Sahlala Isigcawu

Ngemuva kombono wezilo ezine nezenzo zophondo oluncane, umprofethi wabona ukwahlulela ezulwini (Dan. 7:9, 10, 13, 14). Kwathi ngokuhlala kwesigcawu, kwabekwa izihlalo zobukhosi ezindaweni zazo, uMdala wezinsuku wathatha indawo yaKhe. Njengoba kwenzeka lokhu, izinkulungwane ngezinkulungwane zezidalwa zasezulwini ziyadumisa phambi koMdala wezinsuku, isigcawu siyaqala, zavulwa izincwadi. Okubalulekile okudinga ukuphawulwa ngalokwahlulela ukuthi kwenzeka ngemuva kweminyaka engu 1 260 yokukhwishiza kophondo oluncane (A.D. 538-1798; bheka isifundo sosuku lokuLungisela) kodwa ngaphambi kokwesekwa kombuso kaNkulunkulu wokugcina. Empeleni, amahlandlo amathathu kulombono kuvela lokhu kulandelana kwezigameko:

Isigaba sophondo oluncane (538-1798)
Ukwahlulela kwasezulwini
Umbuso waphakade kaNkulunkulu

Funda kuDaniyeli 7:13, 14, 21, 22, 26, 27. Ukwahlulela kubasiza ngayiphi indlela abantu bakaNkulunkulu?

_____

_____

_____

ITestamente eliDala lichaza izenzo eziningi zokwahlulela kusukela ngesikhathi setabernakeli nethempeli, kodwa ukwahlulela okukhulunywa ngakho lapha kwehlukile. Lokhu ukwahlulelwa komhlaba wonke, okungachaphazeli kuphela uphondo oluncane, kodwa nabangcwele boPhezukonke, okuyibona abayokwamukela umbuso ekugcineni. UDaniyeli 7 akakuchazi ukwahlulela, futhi akaniki imininingwane ngokuqala nokuphela kwakho. Kodwa unikeza umqondo wokuthi ukwahlulela kwenzeka ngenxa yokuhlasela kophondo oluncane uNkulunkulu nabantu baKhe. Okugcizelelwayo lapha ukuqala kokwahlulela kwelizwe lonke okukhulu. KuDaniyeli 8 no 9 (bheka amaviki alandelayo), sizofunda ngesikhathi sokuqala kokwahlulela nokuthi lokwahlulela kuhlobene nokuhlanjululwa kwendawo engcwele yasezulwini ngosuku lokubuyisana. Isifundo esisithola lapha ukuthi kucacile ukuthi sizokuba nokwahlulelwa okwandulela ukubuya kukaJesu okuyokuba kwenzelwa abantu bakaNkulunkulu (Dan. 7:22).

Ukuthi uJesu wasenzelani esiphambanweni kubaluleke ngani kangaka kithina ukuze sibe nesiqiniseko ngosuku lokwahlulelwa na? Besingaba nathemba lini ngaphandle kwesiphambano? (bheka amaRoma 8:1.)

Ukufika KweNdodana yoMuntu

Funda kuDaniyeli 7:13. Ubani iNdodana yoMuntu lapha, futhi uyazi kanjani? (bheka noMarku 13:26, Math. 8:20, Math. 9:6, Luka 9:26, Luka 12:8)

Njengoba kuqhubeka ukwahlulela, kungena othile obaluleke kakhulu: iNdodana yoMuntu. Ingubani Yona? Okokuqala, iNdodana yoMuntu iqhamuka njengomuntu oyedwa wasezulwini. Kodwa njengoba igama lizisho, inazo izimpawu zomuntu. Ngamanye amazwi yiLowo ohlanganise ubuNkulunkulu nobuntu kuYena oze ukuzobamba iqhaza ekwahluleleni. Okwesibili, iNdodana yoMuntu eza ngamafu ezulu umfanekiso ojwayelekile wokubuya kukaJesu eTestamenteni eliSha. Kodwa, kuDaniyeli 7:13 ngokuqonde-ngqo, iNdodana yoMuntu ayifanekisiwe njengevela ezulwini iza emhlabeni, kodwa njengehamba isuka endaweni ethile iye kwenye indawo ezulwini ukuze ivele phambi koMdala wezinsuku. Okwesithathu, ukufanekiswa kweNdodana yoMuntu iza ngamafu ezulu kusitshela ngokubonakala kweNkosi ngamehlo. Kodwa lesithombe sibuye sisikhumbuze umpristi omkhulu ozungezwe yifu lempepho, engena endaweni engcwele-ngcwele ngosuku lokubuyisana ukuzokwenza umsebenzi wokuhlambulula ithempeli. INdodana yoMuntu futhi eyasebukhosini. Yamukela "ukubusa nenkazimulo nombuso" kanti "bonke abantu, izizwe, nezilimi ziyakuyikhonza" (Dan. 7:14). Igama eliyisenzo elithi "ukukhonza" lingabuye lihunyushwe ngokuthi "ukudumisa." Litholakala izikhathi eziyisishiyagalolunye ezahlukweni 1-7 (Dan. 3:12, 14, 17, 18, 28; Dan. 6:16, 20; Dan. 7:14, 27) futhi linikeza umqondo wokukhothamela unkulunkulu othile. Ngakhoke umphumela wokuzama ukuguqula umthetho kaNkulunkulu, yilenkolo yophondo oluncane, lonakalisa ukukhonza okufanele uNkulunkulu. Ukwahlulela esikubona lapha kutshengisa ukuthi ukukhonza kweqiniso kuyabuyiselwa ekugcineni. Uhlelo lokukhonza lukaPhapha, phakathi kwezinye izinto, lubeka umuntu wesono njengomlamuli phakathi kukaNkulunkulu nabantu. UDaniyeli uyatshengisa ukuthi okunguYena kuphela uMlamuli okwazi ukumela abantu phambi kukaNkulunkulu iNdodana yoMuntu. Njengoba lisho iBhayibheli: "Ngokuba munye uNkulunkulu, munye uMlamuli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, uMuntu uKrestu Jesu" (1 Thimothewu 2:5).

Kukho konke esikufunde eBhayibhelini ngempilo nesimilo sikaJesu, kungani kududuza kangaka ukwazi ukuthi uyingqikithi yalokho esifunda ngakho lapha?

Abangcwele boPhezukonke

Kwenzekani ebantwini bakaNkulunkulu, ngokwalezi ndimana? Dan. 7:18, 21, 25, 27.

Ukuthi "Abangcwele boPhezukonke" amazwi abhekise kubantu bakaNkulunkulu. Bahlaselwa umbuso omelwe uphondo oluncane. Ngenxa yokuthi bayaphikelela ngokuma bethembekile eZwini likaNkulunkulu, bayahlushwa ngalesikhathi kubusa uPhapha. AmaKrestu ayehlushwa nangesikhathi kubusa amaRoma ayengakholwa, (isilo sesine uqobo lwaso), kodwa ukuhlushwa okukhulunywa ngakho kuDaniyeli 7:25 ukuhlushwa kwabangcwele uphondo oluncane oluvela sewudlulile umbuso weRoma elingakholwa. Kodwa, abantu bakaNkulunkulu ngeke bacindezelwe umbuso wasezweni kuze kube phakade. Umbuso kaNkulunkulu uyothatha indawo yemibuso yasemhlabeni. Kubalulekile ukuthi embonweni, "Yanikwa ukubusa, nobukhosi, nombuso" (Dan. 7:14). Kodwa encazelweni enikwa yingelosi, "abangcwele" abamukela umbuso (Dan. 7:18). Akukho ukuphikisana lapha. Ngenxa yokuthi iNdodana yoMuntu ihlobene noNkulunkulu kanye nabantu, ukunqoba kwaYo kusengukunqoba kwalabo ebamele. Ngesikhathi umprisiti omkhulu ebuza ukuthi uJesu unguMesiya yini, iNdodana kaNkulunkulu, uJesu wakhomba emuva kwiHubo 110:1 noDaniyeli 7:13, 14 wathi: "Nginguye. Niyakubona iNdodana yoMuntu ihlezi ngakwesokunene saMandla, iza ngamafu ezulu" (Marku 14:62). Ngakhoke, uJesu uYena osimele emkhandlwini wasezulwini. Usewanqobile amandla obumnyama, wabelana ngokunqoba kwaKhe nalabo abasondelene naYe. Ngakhoke, asikho isizathu sokwesaba. Njengokusho kukamphostoli uPawulu: "Kepha kukho konke lokho siyanqoba nokunqoba ngowasithandayo. Ngiyakholwa ukuthi nakufa, nakuphila, nazingelosi, nababusi, nakho okukhona, nakho okuzayo, namandla, nakuphakama, nakujula, nanto enye edaliweyo akuyikuba namandla okusahlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKretu Jesu iNkosi yethu" (Roma 8:37-39).

Buka ukuthi umbuso kaDaniyeli uwuprofetha kahle kangakanani umlando kusasele izinkulungwane zeminyaka ukuba wenzeke. Lokho kufanele kusisize kanjani ukuthi sifunde ukwethemba zonke izithembiso zikaNkulunkulu ezikhomba ikusasa na?

Ukujula Nomcabango:

Ngokudlulisa amehlo-nje emlandweni kuyabonakala ukuthi emva kokuwa kombuso waseRoma, okwenziwa ukuhlasela kwezizwe ezivela enyakatho, umbishobhi waseRoma wasebenzisa lelo thuba lokwehlulwa kwezizwe ezintathu, wazibeka njengokunguyena umbusi jikelele eRoma kusukela ngo A.D. 538. Ngesikhathi kwenzeka lokho, wathathela kuye imisebenzi eminingi yebandla neyombusi waseRoma. Kulokho, kwavela uPhapha onamandla ombuso nawebandla waze wehlulwa nguNapoleon ngo 1798. Lokho akwenzanga isiphelo seRoma, kwaphela-nje leso sigaba sokuhlushwa kwamaKrestu. UPhapha akazibizanga nje kuphela ngokuthi uyinxusa likaKrestu, kodwa futhi wafaka izimfundiso eziningi nemikhuba ephambene neBhayibheli. Isihlambo, ukujezisa umzimba, ukuvuma izono kumpristi, nokuguqulwa komyalo weSabatha kube yiSonto, phakathi kwezinye izinguquko eziningi "zezikhathi nomthetho" okwasungulwa nguPhapha. "Ngawakhe amandla, umuntu angekwazi ukumelana nezinsolo zesitha. Egqoke izingubo ezichashazelwe yisono, uvuma icala lakhe, eme phambi kukaNkulunkulu. Kodwa uJesu, uMmeli wethu, wenzela bonke ukuncenga okunamandla, labo okuthi ngokuphenduka nokukholwa banikele ululondolozwa kwemiphefumulo yabo kuYena. Uyabancengela, anqobe ummangaleli wabo ngalokho okwenzeka eKhalvari. Ukulalela kwaKhe umthetho kaNkulunkulu okuphelele kumnike onke amandla ezulwini nasemhlabeni, acelele abantu abanecala umusa nokubuyisana kuYise. Kummangaleli wabantu baKhe uthi: 'UJehova uyakukukhuza, Sathane. Laba yibo abathengwe ngegazi laMi, abophulwe emlilweni.' Bese, kulabo abamethembayo ngokukholwa, unikeza isiqiniseko esithi: 'Bheka, ngidedisile kuwe ububi bakho; ngiyakukwembathisa ezobukhosi.' Zakariya 3:4."—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, amakhasi 586, 587.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Phinda ubuke zonke izimpawu zophondo oluncane oluvela esilweni sesine, iRoma, luphinde luhlale luyinxenye yaso. Yimuphi okuyiwona mbuso kuphela owavela eRoma elingakholwa emakhulwini eminyaka eyedlule, futhi, ngaphandle kokuhlupha abantu bakaNkulunkulu, usekhona nanamhlanje? Lokhu kuhlonzwa okucace kanje kufanele kusivikele kanjani ekuqaguleni ukuthi singubani, kanye nomqondo othi uphondo oluncane lusho inkosi ethile yomGreki eyadlula nomlando eminyakeni eyikhulu nesigamu engakazalwa uJesu? Lezi zimpawu ezicace kangaka futhi zimelwe ukusivikela kanjani enkolelweni ethi uphondo oluncane umbuso othile osazofika esikhathini esizayo?